amehlo akho angahlala phezu kwalelithempeli ebusuku lemini, yonale indawo owathi wena, 'IBizo lami lizakuba khonapha,' ukuze uzwe umkhuleko wenceku yakho ngale indawo. ³⁰ Zwana isikhalazo senceku yakho lesabantu bakho bako-Israyeli nxa bekhuleka bekhangele kule indawo. Zwana usezulwini okuyindawo yakho yokuhlala, njalo nxa usizwa, uthethelele.

³¹ Nxa umuntu angonela umakhelwane wakhe, afungiswe, abesefunga isifungo phambi kwe-alithari lakho kulelithempeli, ³² zwana usezulwini wenze. Yahlulela phakathi kwezinceku zakho, umlahle olecala, wehlisele ekhanda lakhe lokho akwenzileyo. Tshono ukuthi ongonanga kalacala ukuze uveze ukuba msulwa kwakhe.

³³ Nxa abantu bakho abako-Israyeli behlulwe yisitha ngenxa yokona kwabo phambi kwakho, kuthi nxa sebephendukela ngakuwe bebiza ibizo lakho, bekhuleka njalo becela intethelelo kuwe kulelithempeli, ³⁴ lapho-ke zwana usezulwini uthethelele izono zabantu bakho bako-Israyeli njalo ubabuyisele elizweni owalinika okhokho babo.

³⁵ Nxa amazulu evaleka njalo kungaselazulu ngenxa yokuthi abantu bakho bonile phambi kwakho, njalo nxa bekhuleka bekhangele kule indawo bavume ibizo lakho batshiye izono zabo ngoba ubatshayile, ³⁶ lapho-ke zwana usezulwini uthethelele izinceku zakho izono zazo, abantu bakho bako-Israyeli. Bafundise indlela yokuphila eqondileyo, uthumele izulu

elizweni owalinika abantu bakho ukuba libe yilifa labo.

³⁷ Nxa kufika indlala kumbe isifo elizweni, ukukhunta lengumane, isikhongwane lemi-hogoyi, loba behanqwa yizitha kwelinye lamadolobho abo, loba yincithakalo enganani loba ngumkhuhlane onjani ongeza, ³⁸ kuthi lanxa kusenziwa umkhuleko kumbe isicelo ngomunye wabantu bakho bako-Israyeli, ngu-lowo lalowo ezazela inhlupheko ezinhliziyweni yakhe njalo ephakamisele izandla zakhe kulelithempeli, ³⁹ lalela usezulwini, okuyindawo yakho yokuhlala. Thethelela njalo wenzele umuntu munye ngamunye okuhambelana lezenzo zakhe ngoba wena uyazazi inhliziyo zabo (futhi nguwe wedwa owazi inhliziyo zabantu), ⁴⁰ yikho bezakwesaba imihla yabo yonke yokuphila beselizweni owalinika okhokho bethu.

⁴¹ Owezizweni ongasuye omunye wabantu bakho bako-Israyeli kodwa evela kude ngenxa yodumo lwebizo lakho ⁴² ngoba abantu bazakuzwa ngelakho ibizo eliqakathekileyo lesandla sakho esilamandla lengalo yakho eyeluliweyo, nxa esiza akhuleke ekhangele kulelithempeli, ⁴³ lapho-ke zwana usezulwini, indawo elilikhaya lakho, wenze loba yini owezizweni ayicela kuwe, ukuze bonke abantu bomhlaba balazi ibizo lakho njalo bakwesabe, njengoba abantu bakho abako-Israyeli bekwenza, baze bazi ukuthi indlu le engiyakhileyo ithwele iBizo lakho.

⁴⁴ Nxa abantu bakho bephuma besiya

empini ukuyakulwa lezitha zabo, loba kungaphi obathuma khona, njalo kuthi nxa bekhuleka kUTHIXO bekhangele edolobheni olikhethileyo wena kanye lethempelini engalakhela iBizo lakho, ⁴⁵ lapho-ke zwana usezulwini umkhuleko wabo lokuncenga kwabo, ubaphathise kulokho.

⁴⁶ Nxa bonile phambi kwakho, ngoba kakho ongoniyo njalo uze ubathukuthelele ubanikele ezitheni zabo ezibathumba zibase ezizweni zazo, ezikhatshana leziseduze; ⁴⁷ kuthi nxa bengaguquka ezinhliziyweni zabo besemazweni abayabe bethunjelwe kuwo, baphenduke bakuncenge besemazweni abathunjelwa khona bathi, 'Sonile, senza okungalunganga lokubi,' ⁴⁸ njalo nxa bephendukela kuwe ngezinhliziyiyo zabo zonke langemiphefumulo yabo elizweni lezitha zabo ezabathumbayo, bakhuleke kuwe bekhangele elizweni owalinika oyise, lasedolobheni owalikhethayo lethempeli engilakhele iBizo lakho, ⁴⁹ ngakho usezulwini, ikhaya lakho zwana imikhuleko yabo lokuncenga kwabo, ubenzele khona lokho. ⁵⁰ Ubathethelele abantu bakho, abakonileyo wena, bathethelele kukho konke ukona kwabo kuwe, wenze izitha zabo zibe lomusa kubo; ⁵¹ ngoba bangabantu bakho njalo bayilifa lakho, bona owabakhipha eGibhithe, esihogweni esivuthayo esincibilikisa insimbi.

⁵² Sengathi amehlo akho angaba phezu kwenceku yakho ukukhala kwayo lokuncengela kwabantu bakho bako-Israyeli, sengathi

ungalalela ukukhala kwabo bekhulaza kuwe.
⁵³ Ngoba wabakhetha phakathi kwezizwe zonke zomhlaba ukuthi babe yilifa lakho, njengoba wakhuluma ngenceku yakho uMosi, lapho wena, Oh THIXO Wobukhosi, wakhipha okhokho bethu eGibhithe.”

⁵⁴ Kwathi uSolomoni eseqedile imikhuleko le lezikhulazo kuTHIXO, waphakama wema phambi kwe-alithari LIKATHIXO, lapho ayekade eguqe khona ephakamisele izandla zakhe ezulwini.

⁵⁵ Waphakama wabusisa ibandla labako-Israyeli ngelizwi eliphezulu wathi:

⁵⁶ “Udumo kalube kuTHIXO, yena oletehe abantu bako-Israyeli ukuphumula njengokwethembisa kwakhe. Akukho lokukodwa okungenzekanga kuzozonke izithembiso ezinhle azenza ngenceku yakhe uMosi. ⁵⁷ Sengathi uTHIXO uNkulunkulu wethu angaba lathi njengoba wayelabokhokho bethu; sengathi angaze asitshiya loba asidele. ⁵⁸ Sengathi angaguqulela inhliziyo zethu kuye, sihambe ezindleleni zakhe sigcine lemilayo yakhe, imithetho lezimiso azipha okhokho. ⁵⁹ Sengathi amazwi ami la, engikhuleka ngawo kuTHIXO, angaba seduze kuKATHIXO uNkulunkulu wethu emini lebusuku, ukuze aqinise izikhulazo zenceku yakhe lezikhulazo zabantu bakhe bako-Israyeli kusiya ngeziswelo zabo zemihla ngemihla, ⁶⁰ ukuze abantu bonke bomhlaba bakwazi ukuthi uTHIXO unguNkulunkulu lokuthi kakho omunye. ⁶¹ Kodwa inhliziyo zenu azigcwalile ukuzinikela kuTHIXO uNkulunkulu wethu,

ukuphila ngezimiso zakhe lokulalela imilayo yakhe, njengakhathesi.”

Ukunikelwa KweThempeli

⁶² Ngalokho inkosi labo bonke abako-Israyeli banikela imihlatshelo yabo phambi KUKATHIXO.

⁶³ USolomoni wanikela ngomhlatshelo wem- inikelo yobudlelwano KU^THIXO; inkomo ez- izinkulungwane ezingamatshumi amabili lam- bili, izimvu lembuzi ezizinkulungwane ezi- likhulu lamatshumi amabili. Ngokunjalo inkosi labo bonke abako-Israyeli banikela ithempeli LIKATHIXO.

⁶⁴ Ngalelolanga inkosi yangcwelisa iphakathi leguma phambi kwethempeli LIKATHIXO, njalo kulapho eyanikela khona ngomnikelo wokutshiswa, umnikelo wamabele kanye lamafutha eminikelo yobudlelwano ngoba i-alithari lethusi elaliphambi KUKATHIXO lalilincinyane kakhulu ukuthi kutshiselwe kilo iminikelo yokutshiswa, leminikelo yamabele leminikelo yamafutha obudlelwano.

⁶⁵ Ngakho uSolomoni wagcina umkhosi ngale- sosikhathi ekanye lo-Israyeli wonke, ibandla elikhulu, abantu abavela eLebho Hamathi kusiya eSihotsheni saseGibhithe. Bawuthakazelela phambi KUKATHIXO uNkulunkulu wethu okwen- suku eziyisikhombisa lezinye eziyisikhombisa njalo zaba litshumi lane sezizonke. ⁶⁶ Ngosuku olulandelayo inkosi yabachitha. Bayibusisa inkosi basuka baya emakhaya abo, belen- tokozo bejabula ezinhliziyweni zabo ngakho

konke okuhle uTHIXO ayekwenzele inceku yakhe uDavida kanye labantu bakhe bako-Israyeli.

9

UTHIXO Ubonakala KuSolomoni

¹ USolomoni eseqedile ukwakha ithempeli LIKATHIXO lesigodlo sobukhosi, esenelisile konke ayezimisele ukukwenza, ² UTHIXO wabonakala kuye ngokwesibili, njengoba wayebonakele kuye eGibhiyoni. ³ UTHIXO wathi kuye:

“Sengiwuzwile umkhuleko wakho lesikhala-
lazo osenzileyo phambi kwami; sengilenze la-
bangcwele lelithempeli olakhileyo wena ngok-
ufaka iBizo lami kulo lanininini. Amehlo ami
kanye lenhliziyo yami kuzakuba phezu kwalo
ngezikhathi zonke.

⁴ Wena, unгахamba phambi kwami
ngobuqotho benhliziyo langokuqonda
njengoba uyihlo uDavida akwenza, wenze
konke engikulaya ngakho ugcine izimiso
zami lemithetho yami, ⁵ ngizaqinisa isihlalo
sakho sobukhosi phezu kuka-Israyeli kuze
kubekwe nininini, njengoba ngathembisa uyihlo
uDavida lapho ngathi, ‘Awuyikwehluleka
ukuzuza indoda esihlalweni sobukhosi ko-
Israyeli.’

⁶ Kodwa nxa wena kanye lamadodana
akho lingifulathela lingagcini imithetho
lezimiso zami engilnike khona beselisuka
liye kwabanye onkulunkulu libakhonze,
⁷ ngizamthathela u-Israyeli umhlaba
engangimnike wona ngilikalale leli ithempeli
esengilingcwelisile ngeBizo lami. U-Israyeli

uzadelelwa abe yinhlekisa ebantwini bonke. ⁸ Lelithempeli lizakuba yinqumbi yamatshe. Bonke abedlula lapha bazakwenyanya bahleke ulunya bathi, 'Kanti kungani uTHIXO enze into enje kulelizwe lakulelithempeli na?' ⁹ Abantu bazaphendula bathi, 'Kungenxa yokuthi sebedele uTHIXO uNkulunkulu wabo, owakhapha oyise eGibhithe, ngoba sebesuke banamathela kwabanye onkulunkulu, babakhonza njalo babasebenzela yikho-nje uTHIXO esebhlisele incithakalo yonke le.' "

Ezinye Izenzo ZikaSolomoni

¹⁰ Ekupheleni kweminyaka engamatshumi amabili, lapho uSolomoni akha khona lezizindlu ezimbili, ithempeli LIKATHIXO kanye lesigodlo sobukhosi, ¹¹ iNkosi uSolomoni wanikela amadolobho angamatshumi amabili aweGalile kuHiramu inkosi yaseThire, ngoba uHiramu wayemnike zonke izigodo zesihlahla somsedari lezephayini legolide ayekufuna. ¹² Kodwa uHiramu wathi esesuka eThire esiyabona amadolobho ayewaphiwe nguSolomoni, kazange ajabule ngawo. ¹³ Wambuza wathi, "Ngamadolobho bani la onginike wona, mfowethu?" njalo wayewabiza ngokuthi yilizwe leKhabhuli, okulibizo alokhu ebizwa ngalo lalamuhla. ¹⁴ Kunjalo-nje uHiramu wayethumele uSolomoni igolide elalingamathalenta alikhulu elilamatshumi amabili (120).

¹⁵ Nansi imbali yokubanjwa ngamandla kwabantu yiNkosi uSolomoni ukwakha ithempeli LIKATHIXO, ukwakhiwa kwesigodlo

sakhe, ledundulu elithiwa yiMilo, lomduli weJerusalema kanye leHazori, iMegido kanye leGezeri. ¹⁶ (UFaro inkosi yaseGibhithe wayehlasele wathumba iGezeri. Wayeyithungele ngomlilo wayitshisa. Wayebulele amaKhenani ayehlala khona, yona wasekhunga ngayo indodakazi yakhe, umkaSolomoni. ¹⁷ USolomoni waseyakha kutsha iGezeri.) Wakha iBhethi-Horoni esezansi, ¹⁸ leBhalathi, kanye leThamari enkangala, phakathi kwelizwe lakhe, ¹⁹ kanye lamadolobho ayeyiziphala lemizi yezinqola zakhe zempi kanye lamabhiza akhe lakho konke nje ayengafisa ukukwakha eJerusalema leLebhanoni kanye lakulo lonke ilizwe ayelibusa.

²⁰ Kubo bonke abantu abasalayo bama-Amori, amaHithi, amaPherizi, amaHivi lamaJebusi (lababantu babengasibo ama-Israyeli) ²¹ okutsho ukuthi, izizukulwane zabo ezasalayo ama-Israyeli angazibulalanga aziqeda, laba uSolomoni wababamba isibhalo sokwenza umsebenzi wakhe wobugqili, njengoba kunjalo lalamuhla lokhu. ²² Kodwa uSolomoni kabenzanga izigqili abako-Israyeli; babengamadoda okumlwela, iziphathamandla zikahulumende, izikhulu zakhe, izinduna, kanye labalawuli bezingqola zakhe zempi labatshayeli bazo. ²³ Njalo babeyizikhulu zokukhokhela imisebenzi eqakathekileyo kaSolomoni, izikhulu ezingamakhulu amahlanu lamatshumi amahlanu (550) ezazikhangela amadoda ayesenza umsebenzi.

²⁴ Ngemva kokufika kwendodakazi kaFaro esigodlweni eyayisakhelwe nguSolomoni isuka

eMzini kaDavida, wakha njalo idundulu elithiwa yiMilo.

²⁵ Kathathu ngomnyaka uSolomoni wanikela umnikelo wokutshiswa lomnikelo wobudlelwano e-alithareni ayelakhele UTHIXO, etshisa impepha phambi KUKATHIXO kanye lemihlatshelo. Ngalokho wagcwalisa imilandu yezimiso zethempeli.

²⁶ INkosi uSolomoni wakha njalo imikhumbi e-Eziyoni-Gebheri, eseduzane le-Elathi ngase-Edomi, ekhunjini loLwandle oluBomvu.

²⁷ Kunjalo-nje uHiram wathumela abantu bakhe, abagwedli ababelwazi ulwandle ukuba bayesebenza emikhunjini labakaSolomoni.

²⁸ Bagwedla baya e-Ofiri baphenduka legolide elilesisindo samathalenta angamakhulu amane lamatshumi amabili (420), baya lethula enkosini uSolomoni.

10

Indlovukazi YaseShebha Yethekelela USolomoni

¹ Indlovukazi yaseShebha yathi isizwile ngodumo lukaSolomoni lokubambelela kwakhe ebizweni LIKATHIXO, yaya kuye ukuba imlinge ngemibuzo enzima. ² Ekufikeni

kwayo eJerusalem yayiqhuba udwende olukhulu, lamakamela ethwele iziyoliso, igolide elinengi kakhulu lamatshe aligugu, yafika kuSolomoni yakhuluma laye ngakho konke lokho okwakusengqondweni yayo.

³ USolomoni wayiphendula yonke imibuzo yayo, akubanga lalutho olwaba nzima enkosini ukuthi

iyichasisele lona. ⁴ Indlovukazi yaseShebha isiyibonile yonke inhlakanipho kaSolomoni lesigodlo ayesakhile, ⁵ ukudla okwakusetafuleni lakhe, ukuhlaliswa kwezikhulu zakhe, izinceku zakhe lezembatho zazo, abaphathi benkezo bakhe, leminikelo yokutshiswa ayenzela uTHIXO ethempelini, yaphela amandla.

⁶ Yathi enkosini, “Imibiko ebifika ezindlebeni zami elizweni lami ngengqubelaphambili langenhlanipho yakho iqotho. ⁷ Kodwa angizange ngikukholwe lokho ngaze ngafika mina ngokwami njalo ngazibonela ngawami amehlo. Ngempela, bengingatshelwanga ngitsho lengxenye nje; ukuhlakanipha kwakho lokuphumelela kwakho kuyayedlula imibiko engayizwayo. ⁸ Yeka intokozo abalayo abantu bakho! Ziyathokoza iziphathamandla zakho, zona ezima phambi kwakho zizwe inhlakanipho yakho! ⁹ Udumo kalube kuTHIXO uNkulunkulu wakho, yena othokoze ngawe wakubeka esihlalweni sobukhosi bako-Israyeli. Ngenxa yothando olunaphakade LUKATHIXO ku-Israyeli, ukubekile waba yinkosi, ukuze ugcine ukwahlulela ngemfanelo lokulunga.”

¹⁰ Yanika inkosi igolide elingamathalenta alikhulu lamatshumi amabili (120), lenqwabanqwaba zeziyoliso lamatshe aligugu. Akuzange kulethwe iziyoliso ezinengi kangako futhi njen-galezo indlovukazi yaseShebha eyazipha iNkosi uSolomoni.

¹¹ (Imikhumbi kaHiramu yaletsa igolide livela e-Ofiri; njalo yethula lemithwalo emikhulu yamapulanka amahle lamatshe aligugu. ¹² Inkosi

yasebenzisa amapulanka amahle njengezinsika zethempeli LIKATHIXO kanye lesigodlo sobukhosi, lokwenza imihubhe lemiqangala yabahlabeleli. Akuzange kubuye kube lamapulanka amahle amanengi kangako angeniswayo elizweni loba abonwayo selokhu kwaba yilelolanga.)

¹³ Inkosi uSolomoni yanika indlovukazi yaseShebha yonke into eyayiyifisa leyayicelayo, ngaphandle kwalokho ayinika khona kuphuma esigodlweni. Yasisuka lodwendwe lwayo yabuyela elizweni lakibo.

Udumo LukaSolomoni

¹⁴ Isisindo segolide elalizuzwa nguSolomoni minyaka yonke lalingamathalenta angamakhulu ayisithupha lamatshumi ayisithupha lesithupha (666), ¹⁵ kungabalwa inzuzo eyayivela emithelweni yabathengisayo labathenga bethengisa kanye leyayivela emakhosini wonke ama-Arabhu kanye lababusi belizwe.

¹⁶ Inkosi uSolomoni yenza amahawu amakhulu angamakhulu amabili ngegolide elikhandiweyo; lilinye langena amashekeli angamakhulu ayisithupha. ¹⁷ Wenza njalo amanye amahawu amancinyane angamakhulu amathathu ngegolide elikhandiweyo, lilinye lilegugu lokuthathu kwegolide. Inkosi yawafaka esigodlweni seHlathi laseLebhanoni.

¹⁸ Inkosi yasisenza isihlalo sobukhosi esikhulu sisekelwa ngempondo zendlovu sihuqwe ngegolide elihle. ¹⁹ Isihlalo sobukhosi sasilezinyathelo eziyisithupha, ngemva kwaso phezulu siyindingilizi. Emaceleni aso womabili

sasilezeyamelo zengalo, yileso laleso kumi isilwane eceleni kwaso. ²⁰ Izilwane ezilitshumi lambili zazimi ezinyathelweni eziyisithupha, kusithi esisodwa esinyathelweni ngasinye ngapha langapha emaceleni esinyathelo. Akukho okufanana lalokhu okwake kwenziwa lakuwuphi umbuso. ²¹ Zonke inkezo zenkosi uSolomoni zazingezegolide, lazozonke izitsha zeSigodlweni saseGuswini laseLebhanoni zazingezegolide elicolekileyo. Akukho okwakwenziwe ngesiliva ngoba ngensuku zikaSolomoni igugu lesiliva lalilincinyane kakhulu. ²² Inkosi yayilemikhumbi yokuthengiselana eminengi eyayisolwandle iphathisana lekaHiramu. Yayiphenduka kanye ngemva kweminyaka emithathu ithwele igolide, isiliva kanye lempondo zendlovu, indwangu lenkawu.

²³ INkosi uSolomoni yawedlula wonke amakhosi omhlaba ngenotho langenhlananipho. ²⁴ Umhlaba wonke weza kuSolomoni ukuzokuzwa inhlakanipho uNkulunkulu ayeyifake enhliziyweni yakhe. ²⁵ Minyaka yonke amlethela izipho zesiliva lezegolide, izembatho, izikhali leziyoliso, lamabhiza kanye lezimbongolo.

²⁶ USolomoni waqoqa izinqola zokulwa lamabhiza; wayelezinqola zokulwa eziyinkulungwane elamakhulu amane, amabhiza azinkulungwane ezilitshumi lambili ayewagcina emadolobheni awezinqola zempi amanye egcinwe kuye eJerusalema.

²⁷ Inkosi yandisa isiliva kwangani ngamatshe

eJerusalema, lezihlahla zomsedari zanda kwangani yizihlahla zomkhiwa wesikhamore emawatheni ezintaba. ²⁸ Amabhiza kaSolomoni ayethengwe eGibhithe laseKhuwe, abathengi besikhosini babewathenga eKhuwe. ²⁹ Bathenga ingola yempi eGibhithe ngamashekeli esiliva angamakhulu ayisithupha kanye lebhiza ngamashekeli alikhulu elilamatshumi amahlanu. Babuya bawedlulisa wonke bayawathengisela amakhosi amaHithi kanye lawama-Aramu.

11

Abafazi BakaSolomoni

¹ Inkosi uSolomoni yayibathanda kakhulu abafazi bezizweni kanye lendodakazi kaFaro, amaMowabi, ama-Amoni, ama-Edomi, amaSidoni lamaHithi. ² Babengabezizwe uTHIXO ayethe kwabako-Israyeli, “Lingathathani labo, ngoba bazaguqulela inhliziyo zenu kubonkulunkulu babo.” Lanxa kunjalo, uSolomoni wabambelela kubo ngothando. ³ Wayelabafazi abangamakhulu ayisikhombisa ababezalwa esikhosini labanye abafazi beceleni abangamakhulu amathathu; lakanye abafazi bakhe baphambukisa inhliziyo yakhe. ⁴ Ekuluphaleni kwakhe uSolomoni, abafazi bakhe baphambulela ukhoho lwakhe kwabanye onkulunkulu, inhliziyo yakhe ayizange ilandele uTHIXO uNkulunkulu wakhe ngokupheleleyo, njengenhiziyo kaDavida uyise. ⁵ USolomoni walandela u-Ashithorethi unkulunkulu wamaSidoni, loMoleki unkulunkulu onengekayo wama-Amoni. ⁶ Ngalokho uSolomoni wona

phambi KUKATHIXO; kazange alandele UTHIXO ngokupheleleyo, njengokwakwenziwe nguyise uDavida.

⁷ Eqaqeni olusempumalanga yeJerusalema, uSolomoni wakhela unkulunkulu onengekayo wamaMowabi uKhemoshi, loMoleki unkulunkulu onengekayo wama-Amoni indawo yomhlatshelo. ⁸ Wenza okufananayo kubo bonke abafazi bakhe bezizweni, batshisa impepha banikela ngemihlatshelo kubonkulunkulu babo.

⁹ UTHIXO wamthukuthelela uSolomoni ngoba inhliziyo yakhe yayisimfulathele UTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli, yena ayezibonakalise kuye kabili. ¹⁰ Lanxa wayemlayile uSolomoni ukuba angalandeli abanye onkulunkulu, uSolomoni kazange awulandele umlayo KATHIXO. ¹¹ Ngakho UTHIXO wasesithi kuSolomoni. “Njengoba le kuyiyo injongo yakho njalo awugcinanga isivumelwano sami kanye lezimiso zami, lezo engakulaya ngazo, impela ngizawuhluthuna umbuso wakho kuwe ngiwunike omunye wabantu abangaphansi kwakho. ¹² Loba kunjalo, ngenxa kaDavida uyihlo, angiyikwenza lokho wena usaphila. Ngizawuhluthuna esandleni sendodana yakho. ¹³ Kanti njalo angiyikuwuhluthuna wonke umbuso kuyo, kodwa ngizayinika isizwana esisodwa ngenxa kaDavida incekuyami njalo langenxa yeJerusalema, yona esengiyikhethile.”

Izitha ZikaSolomoni

¹⁴ Ngakho UTHIXO wasemvusele isitha uSolomoni, uHadadi um'Edomi owesikhosini sama-Edomi. ¹⁵ Mandulo uDavida esalwa

lama-Edomi, uJowabi umlawuli webutho, owayengcwaba abafileyo, wayetshaye wabhuqa wonke amadoda ama-Edomi. ¹⁶ UJowabi lawo wonke ama-Israyeli ahlala khonale okwezinyanga eziyisithupha, baze babhubhisa wonke amadoda e-Edomi. ¹⁷ Kodwa uHadadi, esesengumfanyana, wabalekela eGibhithe lezinye izikhulu zama-Edomi ezazisebenzele uyise. ¹⁸ Basuka eMidiyani baya ePharani. Bathe sebethatha amadoda ePharani behamba lawo, baya eGibhithe, kuFaro inkosi yaseGibhithe, yena owapha uHadadi indlu kanye lomhlaba waze wamnika kanye lokudla.

¹⁹ UHadadi wathandeka kakhulu kuFaro, waze wamendisela udadewabo womkakhe, udadewabo kaThaphenesi iNdlovukazi. ²⁰ Udadewabo kaThaphenesi wamzalela indodana eyathiwa nguGenubhathi. UThaphenesi wayondlela esigodlweni, kulapho-ke uGenubathi ahlala khona labantwana bakaFaro.

²¹ Kwathi uHadadi esezwile eseGibhithe ukuthi uDavida kasekho lokuthi uJowabi induna yempi sewafa, wathi kuFaro: “Ake ungivumele ukuba ngiye elizweni lakithi.”

²² UFaro wathi kuye, “Usweleni lapha okwenza ufune ukubuyela elizweni lakini na?”

UHadadi waphendula wathi, “Akulalutho kodwa ngivumela ngihambe!”

²³ UNkulunkulu wamvusela njalo uSolomoni esinye isitha, uRezoni indodana ka-Eliyada owayebalekile enkosini yakhe uHadadezeri inkosi yaseZobha. ²⁴ Waqoqa ixuku labahlamuki waba ngumkhokheli walo ngesikhathi uDavida

echitha impi kaZobha; abahlamuki baya eDamaseko lapho bafika bahlala khona bayiphatha leyondawo. ²⁵ URezoni waba yisitha sako-Israyeli ngesikhathi sokuphila kukaSolomoni, wengezelela kuloluhlupho olwasungulwa nguHadadi. Ngakho uRezoni wabusa e-Aramu ehlezi ezonda ilizwe lako-Israyeli.

UJerobhowamu Uhlamukela USolomoni

²⁶ UJerobhowamu indodana kaNebhathi laye wahlamukela inkosi. Wayekade engesinye sezikhulu zikaSolomoni, engowesizwana sika-Efrayimi evela eZereda, unina owayethiwa nguZeruwa wayengumfelokazi.

²⁷ Le yimbali yokuhlamukela kwakhe inkosi: USolomoni wayakhe walungisa amagama ayizisekelo, njalo wagcwalisa evala isikhala esasisele emdulini wedolobho likayise uDavida.

²⁸ UJerobhowamu wayeyindoda eyaziwayo, uSolomoni uthe ebona ukuthi wayelijaha elenza kuhle kanganani umsebenzi walo, wambeka induna yezisebenzi zonke endlini kaJosefa.

²⁹ Ngalesosikhathi uJerobhowamu waphuma eJerusalema, wahlangana lomphrofethi weShilo u-Ahija endleleni, eggoke isigqoko esitsha. Bahlangana bebodwa bobabili kuleyondawo,

³⁰ kwathi u-Ahija wathatha isigqoko esitsha ayesigqokile wasidabula iziqa ezilitshumi lambili.

³¹ Wasesithi kuJerobhowamu, “Wena zithathele iziqa ezilitshumi kulezi, ngoba uTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli uthi, ‘Khangela, ngizahluthuna umbuso esandleni

sikaSolomoni ngikunike izizwana ezilitshumi.

³² Kodwa ngenxa yenceku yami uDavida ledolobho leJerusalema, lona engilikhethileyo phakathi kwazo zonke izizwana zako-Israyeli, ngizamtshiyela isizwana esisodwa.

³³ Ngizakwenza lokhu ngoba bangifulathele bakhonza u-Ashithorethi unkulunkulukazi wamaSidoni, loKhemoshi unkulunkulu wamaMowabi, kanye loMoleki unkulunkulu wama-Amoni, njalo abahambanga ngezami izindlela, abenzanga ukulunga phambi kwami, abayigcinanga imilayo lemithetho yami njengalokhu okwenziwa nguDavida uyise kaSolomoni.

³⁴ Kodwa angiyikususa umbuso wonke esandleni sikaSolomoni; ngizamenza ukuba abe ngumbusi okwempilo yakhe yonke ngenxa yenceku yami uDavida, yena engamkhethayo njalo wayilandela imilayo yami wayigcina lemithetho yami. ³⁵ Ngizathatha umbuso esandleni sendodana yakhe ngikunike izizwana ezilitshumi. ³⁶ Ngizanika indodana yakhe isizwana esisodwa ukuze inceku yami uDavida ibe lesibane ngezikhathi zonke phambi kwami eJerusalema, umuzi engakhetha ukufaka iBizo lami.

³⁷ Kodwa-ke, wena ngokwakho, ngizakuthatha, njalo uzabusa phezu kwakho konke njengokufisa kwenhliziyi yakho yonke; uzakuba ngumbusi walo lonke elako-Israyeli. ³⁸ Nxa ungenza engikulaya ngakho uhambe ngezindlela zami wenze okuhle emehlweni ami okunjen-gokulalela imilayo yami lokulawulwa yimi, njengalokhu okwenziwa yinceku yami uDavida, un-

genza njalo ngizakuba lawe. Ngizawuqinisa um-buso wakho njengokaDavida njalo ngizakunika u-Israyeli. ³⁹ Ngizabethula isithunzi abenzalo kaDavida ngenxa yalokhu, kodwa hatshi kuze kube nininini.’”

⁴⁰ USolomoni wazama ukubulala uJerob-howamu kodwa uJerobhowamu wabalekela eGibhithe, enkosini uShishakhi, njalo wahlala khonale uSolomoni waze wafa.

Ukufa KukaSolomoni

⁴¹ Ezinye izehlakalo ezenzakala ekubuseni kukaSolomoni lakho konke akwenzayo lenhlakanipho yakhe ayitshengiselayo akulotshwanga yini egwalweni lwembali kaSolomoni na? ⁴² USolomoni wabusa eJerusalema phezu kuka-Israyeli okweminyaka engamatshumi amane. ⁴³ Kwaba yikho ukufa kwakhe eselandela oyise njalo wangcwatshwelwa emzini kaDavida uyise. URehobhowami indodana yakhe yathatha ubukhosi ngemva kwakhe.

12

U-Israyeli Uhlamukela URehobhowami

¹ URehobhowami waya eShekhemu, njengoba abako-Israyeli bonke babeye khona ukuyam-beka ukuba abe yinkosi. ² UJerobhowamu indodana kaNebhathi wakuzwa lokhu (elokhu eseGibhithe, lapho ayebalekele khona ebalekela inkosi uSolomoni) wabuya evela eGibhithe.

³ Ngakho bakhupha ilizwi lokunxusa uJerobhowamu; kwathi yena labo bonke abako-Israyeli baya kuRehobhowami bafika bathi kuye: ⁴ “Uyihlo wasethesa ijogwe elinzima kakhulu, wena phungula lumthwalo olochuku lejogwe elinzima esaletheswa nguyihlo, yikho sizakukhonza.”

⁵ URehobhowami waphendula wathi: “Sukani lapha okwensuku ezintathu beseliphenduka libuye kimi.” Ngakho abantu bahamba.

⁶ INkosi uRehobhowami wabuza abadala besizwe ababehlale njalo basebenza loyise uSolomoni esaphila. Wababuza abadala wathi: “Lingangicebisa ukuthi ngibaphendule ngithini lababantu?”

⁷ Baphendula bathi, “Nxaxaxa lamuhla ungaba yinceku yalabantu, ubasebenzele, ukhulumisane labo kuhle, bazahlala bezinceku zakho.”

⁸ Kodwa uRehobhowami kazange akwamukele ukucebisa kwabadala wakhetha ukudinga ulwazi kwabayintanga yakhe ababekhule bonke njalo kuyibo abasebezinceku zakhe. ⁹ Wababuza wathi, “Seluleko bani elilaso? Singabaphendula sithini lababantu abathi kimi, ‘Ake uphungule ubunzima esabetheswa nguyihlo?’ ”

¹⁰ Amajaha ayeyintanga yakhe amphendula athi, “Batshele lababantu abathi kuwe, ‘Uyihlo wasethesa ubunzima, akusiphungulele lobubunzima’ uthi kubo, ‘Ucikilicane wami uqatha kulokhalo lukababa. ¹¹ Ubaba walethesa ubunzima, mina ngizabungezelela. Ubaba walitshaya ngezaswebhu, mina ngizalilumisa ngenkume.’ ”

¹² Ngemva kwensuku ezintathu uJerobhowamu labo bonke abantu babuyela kuRehobhowami, njengalokho okwakitshiwo yinkosi ukuthi, “Phendukani lize kimi ngemva kwensuku ezintathu.” ¹³ Inkosi yasiphendula abantu ngolaka. Yalahla izicebiso eyayiziphiwe ngabadala, ¹⁴ yalandela ukucebisa kwabatsha, yathi, “Ubaba walethesa ijogwe elinzima, mina ngizalenza libe nzima okuphindiweyo. Ubaba walixathula ngemichilo, mina ngizalintinyela ngenkume.” ¹⁵ Ngakho inkosi ayizange ibalalele abantu, ngoba lokhu okwakusenzakala ngokwakuvela kuTHIXO, ukugcwalisa ilizwi LIKATHIXO elaphiwa uJerobhowamu indodana kaNebhathi ngo-Ahija waseShilo.

¹⁶ Kwathi bonke abako-Israyeli sebebonile ukuthi inkosi yalile ukubalalela, bayiphendula inkosi bathi:

“Silesabelo bani kuDavida,
yingxanye bani endodaneni kaJese?

Emathenteni enu bako-Israyeli!

Gcina indlu yakho, wena kaDavida!”

Ngakho abako-Israyeli babuyela emakhaya. ¹⁷ Kodwa uRehobhowami waqhubeka eabusa abako-Israyeli ababehlala emadolobheni akoJuda.

¹⁸ INkosi uRehobhowami yathuma u-Adoniramamu, owayephethe izibhalwa, kodwa bonke abako-Israyeli bamkhanda ngamatshe bambulala. Kodwa iNkosi uRehobhowami, yona yenelisa ukubaleka ngenqola yempi yaya

eJerusalema. ¹⁹ Kusukela ngalesosikhathi abako-Israyeli bayihlamukela indlu kaDavida kuze kube lamuhla.

²⁰ Kwathi bonke abako-Israyeli besizwa ukuthi uJerobhowamu usebuyile bambizela enkundleni lapho abafika bambeka ukuba abe yinkosi yalo lonke elako-Israyeli. Isizwana sakoJuda saba yiso sodwa esasala sibuswa yindlu kaDavida.

²¹ Kwathi uRehobhowami esefike eJerusalema wabuthanisa bonke abakoJuda labakoBhenjamini, amadoda empi azinkulungwane ezilikhulu lamatshumi ayisificaminwembili ukuba bayekulwa labako-Israyeli ukuze babuyisele uRehobhowami indodana kaSolomoni esihlalweni sobukhosi.

²² Kodwa ilizwi likaNkulunkulu leza kuShemaya inceku kaNkulunkulu. ²³ “Tshono kuRehobhowami indodana kaSolomoni inkosi yakoJuda, kubo bonke abendlu kaJuda lekaBhenjamini, lakubo bonke abanye abantu uthi, ²⁴ ‘Nanku okutshiwo NGUTHIXO ukuthi: Lingahambi ukuyakulwa labafowenu, abako-Israyeli. Yanini emakhaya enu, munye ngamunye, ngoba lokhu okwenzakalayo kuvela kimi.’” Ngakho balilalela ilizwi LIKATHIXO babuyela emakhaya abo, njengokulaywa kwabo NGUTHIXO.

Amathole Egolide EBhetheli Kanye LakoDani

²⁵ UJerobhowamu wasesakha iShekhemu elizweni lamaqaqa elako-Efrayimi wahlala khonale. Esuka lapho waphuma wayakwakha ePheniweli.

²⁶ UJerobhowamu wacabanga wathi, “Umbuso usuzabuyela endlini kaDavida. ²⁷ Nxa abantu

laba bangayanikela imihlatshelo ethempelini LIKATHIXO eJerusalema, bazaphinda baphe usekelo lwabo enkosini, uRehobhowami inkosi yakoJuda. Bazangibulala babuyele enkosini uRehobhowami.”

²⁸ Ngemva kokudinga ukwelulekwa, inkosi yenza amathole egolide amabili. Yasisithi ebantwini, “Kunzima kakhulu kini ukuthi liye eJerusalema. Nampa onkulunkulu benu, Oh Israyeli, abalikhupha eGibhithe.” ²⁹ Wasemisa elinye eBhetheli, elinye njalo eDani. ³⁰ Lokhu kwaba yisono; abantu babesiya khonale eDani ukuyakhonza lelo elalikhonale.

³¹ UJerobhowamu wakha amathempeli ezindaweni eziphakemeyo wasebeka abaphristi emihlotsheni yonke yabantu, lakulabo ababengasibo abaLevi. ³² Wamisa umkhosi ngosuku lwetshumi lanhlanu ngenyanga yetshumi lasificaminwembili, owawunjengomkhosi owasusenziwa koJuda, wanikela imihlatshelo e-Alithareni. Lokhu wakwenza eBhetheli, enikela ematholeni ayewenzile. LeBhetheli wabeka abaphristi ezindaweni eziphezulu ayezenzile. ³³ Ngosuku lwetshumi lanhlanu lwenyanga yesificaminwembili, inyanga ayezikhethele yona, wanikela imihlatshelo e-alithareni ayelakhile eBhetheli. Ngakho wamisa umkhosi kwabako-Israyeli waya e-alithareni ukuyanikela imihlatshelo.

13

Umuntu KaNkulunkulu Ovela Kojuda

1 UJerobhowamu esemi e-alithareni ukuze atshise impepha, kwafika umuntu kaNkulunkulu eBhetheli evela koJuda elelizwi LIKATHIXO, ² walethula e-alithareni lelilizwi LIKATHIXO elithi: “Wena alithare! Nanku okutshiwo NGUTHIXO ukuthi, ‘Kuzazalwa indodana endlini kaDavida, ibizo lakhe lizakuba nguJosiya. Izakwenza umhlatshele phezu kwakho ngabaphristi bezindawo eziphakemeyo okwakhathesi abenza iminikelo khona lapha, lamathambo abantu azatshiselwa phezu kwakho.’” ³ Ngalolosuku umuntu kaNkulunkulu wenza isibonakaliso esithi: “Lesi yisiboniso esivela KUTHIXO: I-alithari lizadatshulwa phakathi lomlotha ophezu kwalo uzachithwa.”

⁴ Inkosi uJerobhowamu isizwile isikhalazo sendoda evela kuNkulunkulu nge-alithare leBhetheli yelulela isandla sayo e-alithareni, yathi, “Mbambeni!” Kodwa isandla leso ayeselulile soma wehluleka ukusifinyeza. ⁵ Kwathi i-alithari lalo ladatshulwa phakathi umlotha walo walahlwa, njengokwesibonakaliso esasethulwe ngumuntu kaNkulunkulu ngelizwi LIKATHIXO.

⁶ Inkosi yathi emuntwini kaNkulunkulu, “Ake ungincengele KUTHIXO uNkulunkulu wakho, ungikhulekele, ukuba isandla sami sisiliswe sibuyele esimeni saso.” Umuntu kaNkulunkulu wasemncengela KUTHIXO, lesandla sikaJerobhowamu sasiliswa saba njengakuqala.

⁷ Wasesithi emuntwini kaNkulunkulu: “Ake siye ekhaya ukuba udle, ngizakunika umvuzo.”

⁸ Kodwa umuntu kaNkulunkulu wayiphendula inkosi wathi, “Loba ungaze unginike ingxenywe

yenotho yakho, kangihambi lawe; kangiyikudla ukudla, njalo angiyikunatha amanzi kulin-dawo; ⁹ ngoba ngilaywe ngelizwi LIKATHIXO ukuthi: ‘Ungabokudla ukudla, unganathi amanzi njalo ungaphenduki ngendlela oze ngayo.’”

¹⁰ Ngakho wabuyela ngenye indlela, kasabuyelanga ngendlela ayeze ngayo eBhetheli.

¹¹ Kwakulomphrofethi omdala owayehlala eBhetheli, okweza kuye amadodana akhe amtshela ngokwakwenziwe ngumuntu kaNkulunkulu ngalolosuku. Amadodana atshela uyise lokuthi indoda leyo yayitheni enkosini.

¹² Uyise wasebuza amadodana ukuthi: “Pho angabe uhambe ngayiphi indlela?” Amadodana atshengisa uyise indlela eyathathwa ngumuntu kaNkulunkulu owavela koJuda. ¹³ Wasesithi emadodaneni akhe, “Lungisani ubabhemi lingifakele isihlalo phezu kwakhe.” Kwathi sebemlungisele wagada ubabhemi ¹⁴ walandela umuntu kaNkulunkulu, wamfica ehlezi ngaphansi kwesihlahla som’Okhi wambuza wathi, “Nguwe umuntu kaNkulunkulu na ovela koJuda?”

Indoda yathi, “Yebo yimi.”

¹⁵ Ngakho umphrofethi wasesithi kuye, “Woza siye ekhaya uzokudla.”

¹⁶ Umuntu kaNkulunkulu wathi, “Angingeke ngiphenduke ukuthi ngibuyele lawe emuva, njalo angingeke ngidle ukudla loba nginathe amanzi lawe kule indawo. ¹⁷ Ilizwi LIKATHIXO lifike kimi lathi, ‘Ungadli ukudla kwalapha, unganathi lamanzi akhona njalo ungabobuyela ngendlela oze ngayo.’”

¹⁸ Umphrofethi omdala wamphendula wathi, “Lami ngingumphrofethi njengawe. Ingilosi seza kimi ngelizwi LIKATHIXO sathi: ‘Ubomletha umbuyisele emuva endlini yakho ukuze ayekudla isinkwa njalo anathe lamanzi.’” (Kodwa wayeqamba amanga.) ¹⁹ Ngakho umuntu kaNkulunkulu wabuyela laye wafika wadla ukudla wanatha lamanzi endlini yakhe.

²⁰ Besahlezi endaweni yokudlela, ilizwi LIKATHIXO lafika kuye umphrofethi omdala owayemphendule wabuyela laye emuva. ²¹ Wakhuluma kulowomuntu kaNkulunkulu owayevela kojuda wathi, “Nanku okutshiwo NGUTHIXO: ‘Usuphikise ilizwi LIKATHIXO awusagcinanga imilayo KATHIXO uNkulunkulu wakho akulaya ngayo. ²² Uphenduke endleleni wafika wadla ukudla wanatha lamanzi lapho utshelwe ukuthi ungaze wadla ukudla kumbe unathe amanzi akhona. Ngenxa yalokho isidumbu sakho asisayikungcwatshwa emangcwabeni abokhokho bakho.’”

²³ Kwathi umuntu kaNkulunkulu eseqedile ukudla lokunatha, umphrofethi owayemphendule endleleni wambuyisela emuva wafaka isihlalo sakhe phezu kukababhemi wamkhweza. ²⁴ Uthe esengene indlela yakhe, kwavela isilwane endleleni sambulala, isidumbu sakhe sasala phansi emgwaqweni, kwathi ubabhemi wema ngapha kwesidumbu lesilwane sime ngale kwaso. ²⁵ Abantu ababesedlula lapho babona isidumbu siwele khonapho emgwaqweni, isilwane simi eceleni phansi kwesidumbu, bedlulela edolobheni bayabikela umphrofethi om-

dala lapho ayehlala khona.

²⁶ Kwathi umphrofethi owayemphendule endleleni ehambeni lwakhe ekuzwa lokhu, wathi, “Ngumuntu kaNkulunkulu odelele ilizwi LIKATHIXO. UTHIXO umnikele esilwaneni, esimphoqoze sambulala, njengoba ilizwi LIKATHIXO belimxwayisile.”

²⁷ Umphrofethi wathi emadodaneni akhe, “Ngilungiselani ubabhemi limethese isihlalo.” Akwenza lokho amadodana, ²⁸ wasesuka esiya khonale lapho afumana khona isidumbu endleleni, ngapha kumi isilwane ngale kungubabhemi emaceleni aso. Isilwane asizange sisithinte isidumbu kanti njalo sasivele singazange simthinte lobabhemi. ²⁹ Ngakho umphrofethi wathatha isidumbu somuntu kaNkulunkulu, wasikhweza kubabhemi, wasithwalela edolobheni lakhe lapho afika amlilela khona njalo wamngcwaba khona. ³⁰ Wasebeka isidumbu engcwabeni lakhe, wamlilela wathi, “Maye, umfowethu!”

³¹ Ngemva kokumngcwaba, wathi emadodaneni akhe, “Ekufeni kwami, lingingcwabe engcwabeni lona leli okungcwatshwe khona umuntu kaNkulunkulu; libeke amathambo ami ndawonye lamathambo akhe. ³² Ngoba ilizwi alimemezelayo ngelizwi LIKATHIXO phezu kwealithari eBhetheli laphezu kwazo zonke indawana zomhlathelo eziphakemeyo emadolobheni aseSamariya lizagcwaliseka.”

³³ Langemva kwalokhu, uJerobhowamu kazange aguqule izindlela zakhe zokona, waqhubeka ekhetha abaphristi bendawo

eziphakemeyo edobha nje ingqe ngubani ebantwini. Kwakusithi loba ngubani ofuna ukuba ngumphristi wayemgcobela indawo eziphezulu. ³⁴ Lesi kwakuyisono sendlu kaJerobhowamu esakhokhelela ekuweni lasekudilikeni kwayo kayaze yaba khona emhlabeni.

14

Isiphrofethi Sika-Ahija Esibi NgoJerobhowamu

¹ Ngalesosikhathi u-Abhija indodana kaJerobhowamu wagula, ² uJerobhowamu wathi kumkakhe, “Hamba, uzifihle ngesinye isimo, ukuze kungabikhona ozakunanzelela ukuthi ungumkaJerobhowamu. Ube ususiya eShilo. U-Ahija umphrofethi ukhonale onguye owangitshela ukuthi ngizakuba yinkosi yabantu laba. ³ Uthathe izinkwa ezilitshumi, amakhekhe athile kanye legabha loluju, ube ususiya kuye. Uzakutshela okumele kwenzakale emntwaneni.” ⁴ Ngakho umkaJerobhowamu wenza lokho ayekutshilo wasesiya endlini ka-Ahija eShilo.

U-Ahija wayengasaboni, eseyisiphofu ngenxa yokuluphala. ⁵ Kodwa uTHIXO wayetshele u-Ahija ukuthi, “UmkaJerobhowamu uyeza uzokubuza ngendodana yakhe, iyagula, njalo uzamnika impendulo le lale ngalokhu lalokhuyana. Ekufikeni kwakhe uzakwenza kungathi kayisuye ezifihla.”

⁶ Kwathi u-Ahija esizwa izisinde zakhe phandle wahle wema emnyango, wathi, “Ngena, Nkosikazi kaJerobhowamu, kanti ngokwani ukuzenzisa? Ngithunywe kuwe

ngilombiko omubi. ⁷ Hamba, uyetshela uJerobhowamu ukuthi lokhu yikho okutshiwo NGUTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: 'Ngakondla wakhula phakathi kwabantu ngakwenza umkhokheli wabantu bami bako-Israyeli. ⁸ Ngaxebula umbuso endlini kaDavida ngawunika wena, kodwa awuzange wenze njengenceku yami uDavida, yena owagcina imilayo yami njalo wangilandela ngayo yonke inhliziyo yakhe, esenza konke okuhle phambi kwami. ⁹ Wonile okudlula bonke abakwandulelayo. Usuzidalele abanye onkulunkulu, izithombe ezikhandwe ngensimbi, ungithukuthelisile ngazonda njalo ungifulathele.

¹⁰ Ngenxa yalokho ngizakwehlisela incithakalo endlini kaJerobhowamu. Ngizabhubhisa bonke abesilisa bokucina ekuzalweni kwabakaJerobhowamu ko-Israyeli loba yisigqili loba okhululekileyo. Ngizayitshisa indlu kaJerobhowamu kungathi ngibase ubulongwe, ize iphele du.

¹¹ Izinja zizabadla bonke abakaJerobhowamu abafele edolobheni, lezinyoni zemkhathini zizazitika ngalabo abafela emaphandleni. UTHIXO usekhulumile!'

¹² Wena, buyela ekhaya. Uzakuthi ubeka unyawo lwakho edolobheni umfana ahle afe.

¹³ U-Israyeli uzalila amngcwabe. Nguye yedwa kwabakaJerobhowamu ozangcwatshwa, ngoba nguye yedwa endlini kaJerobhowamu, UTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli, amthole enze ukulunga.

¹⁴ UTHIXO uzazivusela owakhe umbusi ozakuba yinkosi phezu kuka-Israyeli,

ozachitha imuli kaJerobhowamu. Lamuhla yikho ukuqala kwakho lokho.* ¹⁵ UTHIXO uzamtshaya u-Israyeli, kungathi ngumhlanga uzunguzeka emanzini. Uzamquphuna u-Israyeli elizweni lakhe elihle alinika okhokho bakhe abachithe ngaphetsheya komfula uYufrathe, ngoba UTHIXO bamvuse ulaka ngokwenza izinsika zikankulunkulukazi u-Ashera. ¹⁶ Njalo uzamlahla u-Israyeli ngenxa yezono zikaJerobhowamu azenzileyo wakhokhelela lo-Israyeli ukuzenza.”

¹⁷ UmkaJerobhowamu wasuka lapho waqonda eThiza. Wathi enyathela egumeni, indodana yafa. ¹⁸ Bayingcwaba njalo, u-Israyeli wonke wayililela njengoba UTHIXO wayetshilo ngenceku yakhe umphrofethi u-Ahija.

¹⁹ Ezinye izehlakalo zombuso kaJerobhowamu, izimpi lokuthi wabusa njani, kulotshiwe egwalweni lwembali yamakhosi ako-Israyeli. ²⁰ Wabusa okweminyaka engamatshumi amabili lambili wasesiyaphumula labokhokho bakhe ekufeni. Indodana yakhe uNadabi wathatha isikhundla sakhe waba yinkosi.

URehobhowami Inkosi YakoJuda

²¹ URehobhowami indodana kaSolomoni waba yinkosi wabusa koJuda. Wayeleminyaka engamatshumi amane lanye eqalisa ukubusa, wabusa okweminyaka elitshumi lesikhombisa eJerusalema idolobho elakhethwa NGUTHIXO phakathi kwezizwana zonke zako-Israyeli

* **14:14** 14.14 Okutshiwo ngumutsho lo ngesiHebheru akukho sobala.

ukubeka iBizo lakhe. Unina wayenguNahama; engowase-Amoni.

²² AbakoJuda bona phambi KUKATHIXO. Ngokona lokhu, bavusa ubukhwele bolaka lwakhe ukwedlula okwakwenziwe ngoyise.

²³ Bazakhela njalo indawo eziphakemeyo zeminikelo, amatshe azilayo lezinsika zika-Ashera ezintabeni zonke langaphansi kwemithunzi yezihlahla eziyizithingithingi.

²⁴ Kwakukhona lapho amadoda afeba lamanye amadoda ezindaweni zemihlatshelo phakathi kwelizwe; abantu ababesenza wonke amanyala ezizwe UTHIXO ayezixotshile phansi kwabako-Israyeli.

²⁵ Ngomnyaka wesihlanu kaRehobhowami, uShishakhi inkosi yaseGibhithe wahlasela iJerusalema.

²⁶ Wabutha yonke inotho yethempeli LIKATHIXO kanye lenotho yesigodlo sobukhosi. Wahuquluza konke kanye lamahawu enziwe ngegolide ayekhandwe nguSolomoni.

²⁷ Ngakho iNkosi uRehobhowami yakhanda amahawu ethusi ukwenanisa lawo yawabela abakhokheli babalindimasango besigodlweni.

²⁸ Kwakusithi nxa inkosi isiya ethempelini LIKATHIXO, abalindi babewathwala amahawu lawo, baphinde bawabuyisele endlini yabalindi.

²⁹ Ezinye izehlakalo ekubuseni kukaRehobhowami, lakho konke akwenzayo, akulotshwanga yini egwalweni lwembali yamakhosi akoJuda?

³⁰ Kwahlala kulempi phakathi kukaRehobhowami loJerobhowamu.

³¹ URehobhowami wakhothama, wangcwatshwa labokhokho bakhe eMzini kaDavida. Unina

wayenguNahama, engum'Amoni. U-Abhija indodana yakhe wathatha ubukhosi waba yinkosi ngemva kukayise.

15

U-Abhija Inkosi YakoJuda

¹ Ngomnyaka wetshumi lasificaminwembili wokubusa kukaJerobhowamu indodana kaNebhathi, u-Abhija waba yinkosi yakoJuda, ² njalo wabusa eJerusalema okweminyaka emithathu. Ibizo likanina lalinguMahakha indodakazi ka-Abhisalomu.

³ Wenza zonke izono ezazisenziwa nguyise, inhliziyo yakhe yayingekho ekukhonzeni uTHIXO uNkulunkulu wakhe, inganjengenhliziyi kaDavida ukhokho wakhe. ⁴ Kungenani, ngenxa kaDavida uTHIXO uNkulunkulu wamnika isibane eJerusalema ngokuveza indodana eyayizathatha isihlalo sakhe langokuqinisa iJerusalema.

⁵ UDavida wayekwenzile konke okufaneleyo emehlweni KATHIXO njalo kehlulekanga ukugcina imilayo KATHIXO kuzozonke insuku zokuphila kwakhe ngaphandle kwendaba ka-Uriya umHithi.

⁶ Kwaba lempi phakathi kukaRehobhowami loJerobhowamu ngasonke isikhathi sokuphila kuka-Abhija. ⁷ Okunye okumayelana lombuso ka-Abhija, lakho konke akwenzayo, akulotshwanga yini egwalweni lwembali yamakhosi akoJuda? Kwaba lempi phakathi kuka-Abhija loJerobhowamu.

⁸ U-Abhija waphumula laboyise wangcwatshwa emzini kaDavida. U-Asa indodana yakhe wathatha ubukhosi bukayise.

U-Asa Inkosi YakoJuda

⁹ Ngomnyaka wamatshumi amabili okubusa kukaJerobhowamu inkosi yako-Israyeli, u-Asa waba yinkosi yakoJuda, ¹⁰ wabusa eJerusalema okweminyaka engamatshumi amane lowodwa. Ibizo likagogo wakhe lalinguMahakha indodakazi ka-Abhisalomu.

¹¹ U-Asa wenza okubukekayo phambi KUKATHIXO, njengalokhu okwakwenziwe nguDavida uyise. ¹² Waxotsha abesilisa ababefeba ngokwenzana abafazi, wadiliza zonke izithombe ezazakhiwe ngoyise. ¹³ Waze waxotsha kanye logogo wakhe uMahakha wamsusa esihlalweni sokuba yindlovukazi yomndlunkulu, ngoba wayebumbe isithombe esilhlazo sika-Ashera. U-Asa wasidilizela phansi lesisithombe wayasitshisela eSigodini saseKhidironi. ¹⁴ Noma engadilizanga izindawo eziphakemeyo zokukhonzela, inhliziyo ka-Asa yayinamatele KUTHIXO impilo yakhe yonke. ¹⁵ Waletha ethempelini LIKATHIXO isiliva legolide lonke uyise kanye laye ababekunikele lezinye impahla.

¹⁶ Kwaba lempi phakathi kuka-Asa loBhasha inkosi yako-Israyeli ekubuseni kwabo bonke. ¹⁷ UBhasha inkosi yako-Israyeli waqophana loJuda wasesakha umuzi weRama ukuvimbela loba ngubani owayezama ukuphuma loba ukungena elizweni lika-Asa inkosi yakoJuda.

¹⁸ U-Asa wasethatha isiliva sonke legolide elalisele eziphaleni zokuligugu ethempelini LIKATHIXO lokwakusesigodlweni sakhe. Wakubeka ezandleni zezikhulu zakhe

wazithumela kuBheni-Hadadi indodana kaThabhrimoni, oyindodana kaHeziyoni, inkosi yase-Aramu, owayebusa eDamaseko. ¹⁹ “Akubekhona ubudlelwano phakathi kwami lawe,” watsho, eqhubeka wathi, “njengoba kwakunjalo phakathi kukayihlo lobaba. Khangela ngikuthumela izipho zesiliva legolide. Wena quma ubudlelwano bakho loBhasha inkosi yako-Israyeli yikho ezaphuma elizweni lami.”

²⁰ UBheni-Hadadi wavumelana lenkosi u-Asa wasethumela abalawuli bamabutho akhe ukuyahlasela amadolobho ako-Israyeli. Wanqoba ele-Ijoni, eleDani, ele-Abheli-Bhethi-Mahakha lalo lonke elaseKhinerehi kanye leNafithali. ²¹ UBhasha wathi ekuzwa lokhu, wema ukwakha iRama wasehlelela eThiza. ²² Inkosi u-Asa yaquma ukuthi kungasali muntu kulolonke elakoJuda. Basebethutha eRama bethwala amatshe lamapulanka ayekade esetshenziswa nguBhasha kuleyondawo. Ngalokho inkosi u-Asa yakha iGebha kwelakoBhenjamini, leMizipha.

²³ Konke okumayelana lombuso ka-Asa, lalokho anqoba kikho, lamadolobho wonke ayewakhile, akulotshwanga na egwalweni lwembali yamakhosi akoJuda? Kodwa-ke, ekuluphaleni kwakhe, waba lomkhuhlane ezinyaweni zakhe. ²⁴ Ngakho u-Asa waya ekuphumuleni wangcwatshwa laboyise emzini kayise uDavida. Kwathi indodana yakhe uJehoshafathi wathatha isihlalo sakhe sobukhosi.

UNadabi Inkosi Yako-Israyeli

²⁵ UNadabi indodana kaJerobhowamu waba yinkosi yabako-Israyeli ngomnyaka wesibili ka-Asa inkosi yakoJuda, njalo wabusa abako-Israyeli okweminyaka emibili. ²⁶ Wona wenza okubi emehlweni KATHIXO, wahamba ngendlela kayise lasezonweni zakhe, lezo ezazibangele ukuthi u-Israyeli angene kuzo adale isono.

²⁷ UBhasha indodana ka-Ahija owendlu ka-Isakhari waceba ukumbulala. Wambulala eG-ibhethoni elinye lamadolobho amaFilistiya, ngesikhathi uNadabi labo bonke abako-Israyeli belihanqile. ²⁸ UBhasha wabulala uNadabi ngomnyaka wesithathu wombuso ka-Asa inkosi yakoJuda wasehlala esihlalweni sakhe sobukhosi.

²⁹ Waqalisa ukubusa wahle wabulala bonke abendlu kaJerobhowamu. Kazange atshiyele uJerobhowamu loyedwa kodwa wabhuhisa bonke elandela ilizwi LIKATHIXO eleza lenceku yakhe u-Ahija waseShilo ³⁰ ngenxa yezono zikaJerobhowamu ayezenzile njalo enguye owabangela ukuthi u-Israyeli one, ngoba wathukuthelisa UTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli.

³¹ Ezinye izehlakalo ekubuseni kukaNadabi, lakho konke akwenzayo, akulotshwanga na egwalweni lwembali yamakhosi ako-Israyeli? ³² Kwaba lempi phakathi kuka-Asa loBhasha inkosi yako-Israyeli ngesikhathi sonke sokubusa kwabo.

UBhasha Inkosi Yako-Israyeli

³³ Ngomnyaka wesithathu ka-Asa inkosi yakoJuda, uBhasha indodana ka-Ahija waba yinkosi yalo lonke elako-Israyeli laseThiza, njalo wabusa iminyaka engamatshumi amabili lane. ³⁴ Wona

phambi KUKATHIXO, wahamba ngendlela kaJerobhowamu lezono zakhe, lezo abangela u-Israyeli ukuthi azenze.

16

¹ Ilizwi LIKATHIXO leza kuJehu indodana kaHanani lisongela uBhasha lisithi:
² “Ngakususa othulini ngakwenza umkhokheli wabantu bami bako-Israyeli, kodwa wasuka wahamba ngezindlela zikaJerobhowamu njalo wabangela abantu bami bako-Israyeli ukuthi bone bangithukuthelise ngezono zabo.
³ Ngakho sekufanele ngichithe uBhasha labendlu yakhe, njalo indlu yakho ngizakwenza ifanane lekaJerobhowamu indodana kaNebhathi.
⁴ Bazadliwa yizinja abangabakaBhasha abazafela edolobheni, kanti izinyoni zasemoyeni zizakudla labo abazafela emangweni.”

⁵ Okunye okumayelana lombuso kaBhasha, akwenzayo lokuphumelela kwakhe, akulotshwanga yini egwalweni lwembali yamakhosi ako-Israyeli? ⁶ UBhasha waphumula laboyise wembelwa eThiza. Kwathi u-Ela indodana yakhe yathatha ubukhosi yabusa.

⁷ Njalo ilizwi lafika livela kuTHIXO ngoJehu indodana kaHanani lisiya kuBhasha labendlu yakhe, ngoba kulezono ezinengi ayezenzile emehlweni KATHIXO, wamthukuthelisa ngezinto abazenzayo, waze wafanana labendlu kaJerobhowamu kanye lokuthi wayichitha.

U-Ela Inkosi Yako-Israyeli

⁸ Ngomnyaka wamatshumi amabili lesithupha wokubusa kuka-Asa inkosi yakoJuda, u-Ela indodana kaBhasha waba yinkosi yako-Israyeli njalo wabusa eThiza okweminyaka emibili.

⁹ UZimri, esinye sezikhulu zakhe, owayelawula ingxenye yezinqola zempi, waceba ukumbulala. U-Ela wayeseThiza ngalesosikhathi, esidla edakwa endlini ka-Ariza, indoda eyayiphethe isigodlo saseThiza. ¹⁰ UZimri wangena, wamtshaya wambulala. Kwakungumnyaka wamatshumi amabili lesikhombisa wokubusa kuka-Asa inkosi yakoJuda. Wasethatha isikhundla sakhe sobukhosi waba yinkosi.

